## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## INDLELA YOKUMAKA:

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.

2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona lokho kuyovumeleka.

3. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo YEBO/CHA/ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo eyenza athole amamaki.

4. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo IQINISO/AKUSILO IQINISO/ UMBONO/IQINISO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo eyenza athole amamaki.

5. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.

6. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.

7. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendulweni yakhe.

8. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:
   A. UKhethi/A (okuwuhlamvu oluphelele)

## UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

## UMBHALO A (OFUNDWAYO)

1.1 Isizathu esenza le midlalo igcine iba yisifo yilapho abadlali sebedlala ngokweqile sebephendula imidlalo ibe yindlela yokuzama ukwenza imali ngokubheja. ✓ (1)

1.2 Imizamo eyenziwa ngothisha eyokuthi bayaye bazinqande izingane ngobungozi bokugembula✓ kuthi lezo ezeqa umthetho zijeziswe kanzima. ✓ (2)

1.3
- Amakhosikazi ahamba ekuseni engenzile imisebenzi yasezindlini eyoshova amaphepha lize liyoshona. ✓
- Amanye amakhosikazi agembula kuze kuse angabuyeli emakhaya. ✓
- Amakhosikazi adliwa imali yesishebo, imali yesibonelelo sezingane sikahulumeni okuze kuholele ukuyoboleka komashonisa. ✓

(Okubili kwalokhu). (2)

1.4 Okungumehluko otholakala esigabeni sesi-4 kanye nasesigabeni sesi-6 yindawo okudlalelwa kuyo/ yindlela okudlalwa ngayo/ abanye badlala bebaningi beyiqembu kanti laba abanye badlala ngabodwana emakhaya. ✓ Esigabeni sesi-4 amadoda ashiya imizi yawo ahambe ayogembula ngaphandle aze abuye phakathi kwamabili✓ kanti esigabeni sesi-6 abantu bahlala emakhaya kepha bayaqhubeka nokugembula besebenzisa amakhompyutha nomakhalekhukwini. ✓ (3)

1.5 A/sebeyantshontsha. ✓ (1)

1.6 Umbhali uhlose ukugqamisa/ukusivezela isihluku esenziwa abantu abagembula besebenzisa izinja ezilwa zilumane zize zife. ✓✓ (2)

1.7 Lezi zigaba zombili zixoxa ngezinto ezingafani.✓ Esigabeni soku-1 kutholakala inkinga enkulu esibhidlangile yokugembula.✓ Esigabeni se-11 kutholakala izindlela zokwelekelela asebezithole benenkinga yokugembula ukuthi mabangalahlwa kepha abasizwe ukuze baphume kule nkinga. ✓ (3)

1.8 Ngicabanga ukuthi ezinye izindlela ezingasetshenziswa ukusiza labo abanesifo sokugembula kungaba ukuya kodokotela bezengqondo babeluleke ✓ noma ukuya ezindaweni lapho kwelashwa kuhlunyeleliswa khona asebengenwe yilesi sifo sokugembula. ✓
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa). (2)

1.9 Ngiyavumelana ngoba abanye ubathola sebehlukumeza imindeni yabo nomphakathi/ Bayazibulala. ✓✓

**NOMA**

Angivumelani ngoba kukhona labo abagembula ngobuhlakani. Abalawulwa ukugembula, kuwumdlalo nje wokuzithokozisa✓✓
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa). (2)

1.10 Umbhali uphumelele kahle ukusebenzisa isimo sokukhuluma ukuchaza ukuthi yize bengene kulo mkhuba wokugembula kodwa akufanele bangalutholi usizo lokuyeka ukugembula. Kumele basizwe ukuze baphume kulolu bishi. ✓✓ (2)

**UMBHALO B (OBUKWAYO)**

1.11
- Kusenkundleni yezemidlalo, kunezandla ezimbili esinye siphethe imali eningi ✓ kanti esinye siphethe ibhola, kubonakala sengathi bayagembula. ✓/
- Kunabantu ababili abaphakamise izandla abakhombisa ukujabula. ✓✓ (2)

1.12 Esithombeni sesi-2 kunomdlalo wamakhadi okugembula kusetshenziswa amakhompuyutha ✓ Esithombeni sesi-3 kunowesilisa nowesifazane ababukeka bexabana okwenza ingane esesithombeni ibukeke ingaphathekile kahle. ✓ (2)

1.13 Umqondo oqukethwe yile mibhalo yomibili iyefana ngoba kukhulunywa ngokugula okudalwa ukugembula. ✓✓ EMBHALWENI B esithombeni sesi-4 sithola umuntu obukeka ekhathazekile kanye nowesilisa ofake ijazi elimhlophe wagaxa izipopolo okungaba udokotela. ✓EMBHALWENI A esigabeni se-10 kukhulunywa ngomthelela omubi wokugembula ongenza ukuba abagembulayo bagcine sebegula futhi babe nezifo ezahlukahlukene ezidinga ukwelashwa ngodokotela✓ (4)

1.14 Ngiyazwelana nengane ngoba ikhaya ekhulela kulo likhombisa ukungabi nokuthula okudala ingcindezi. Esithombeni le ngane ibukeka iphelelwa nawuthando lokudla/ Akumnandi ukubukela abazali bexabana phambi kwakho. ✓✓

**NOMA**

Angizwelani nayo ngoba zikhona izindlela eziningi engazisebenzisa ukugwema ukubhekana nale nkinga eyenzeka kubazali bayo. Ingakugwema ukuba segunjini linye nabazali noma icele ukuyohlala nezihlobo. ✓✓
[Nezinye izimpendulo ezinembayo zokwamukeleka] (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

## UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

### UMBHALO C

| **Amaphuzu acashuniwe** | | **Amaphuzu owabeke ngamagama akho** | |
|---|---|---|---|
| 1 | 'Wonke umzali makathi uma enika ingane imali azi ukuthi izokwenzani ngayo ngoba ingagcina isithenga izidakamizwa.' | 1 | Wonke umzali uma epha ingane imali kufanele aqikelele ukuthi izoyenzani ngoba ingagcina isithenga izidakamizwa. |
| 2 | 'Abazali mabahlole konke okusegunjini ingane elala kulo ikakhulukazi izindawo ezingekho emehlweni.' | 2 | Abazali kufanele babheke konke okusegunjini umntwana alala kulo ikakhulukazi izindawo ezifihlekile. |
| 3 | 'Zejwayeze njengomzali ukuhlala ukhuthuza isikhwama sezincwadi sengane ukuze uthole uma sekunenkinga.' | 3 | Hlala ucinga esikhwameni sezincwadi somntwana wakho ukuze ukwazi ukubona uma kunezidakamizwa. |
| 4 | 'Umzali makahlale exhumana nothisha baxoxisane ngomsebenzi wengane ukuze uma kuba noshintsho kusheshe kubonakale.' | 4 | Xhumana nothisha nibonisane ngomsebenzi wengane ukuze kusheshe kubonakale uma sekunezimpawu eziguqukile. |
| 5 | Ingane mayibekelwe isikhathi okumele ibuye ngaso esikoleni ingaphuzi ukubuya noma ibuye ebusuku.' | 5 | Makunqunyelwe umntwana isikhathi abuya ngaso esikoleni angabuyi sesidlule kakhulu isikhathi sokubuya noma sekuhlwile. |
| 6 | 'Qaphela izimpawu emzimbeni kanye nezenzo ezithile esezishintsha enganeni.' | 6 | Makuqashelwe imikhuba emisha engavamile umntwana aseqale ukuyenza kubhekwe nezimpawu ezisolisayo emzimbeni wakhe. |
| 7 | 'Hlala njalo ubheka ukuthi izimpahla ezigcinwa emabhokisini zisekhona yini.' | 7 | Vama ukuqaphela ukuthi izimpahla ezibekwa emabhokisini ukuthi azinyamalali. |

Wonke umzali kufanele azi ukuthi uma epha ingane imali izoyisebenziselani ngoba ingagcina isithenga izidakamizwa. Makubhekwe konke okusegunjini umntwana alala kulo ikakhulukazi izindawo ezifihlekile. Zejwayeze ukuhlala ucinga esikhwameni sezincwadi somntwana wakho ukuze ubone lapho esefaka izidakamizwa. Umzali makahlale exhumana nothisha babonisane ngomsebenzi wengane ukuze uma kuba noshintsho kusheshe kubonakale. Umntwana makanqunyelwe isikhathi sokubuya esikoleni, angabuyi sekuhlwile. Makubhekwe izinto ezingavamile ingane esiqale ukuzenza eseziguqukile. Vama ukuqaphela ukuthi izimpahla ezibekwa emabhokisini azinyamalali.

[Inani lamagama -69]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ANNEXURE A

### Indlela yokumaka ukufingqa

Ukumaka lo mbuzo wokufingqa kweyeme ekusebenziseni amaphuzu anembayo nahambisana nomyalelo.

- **Ukwabiwa kwamamaki:**
  - Amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7 (imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
  - Amamaki ama-3 awolimi.
  - Amamaki esewonke: 10.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo engacaphunanga njengoba kunjalo.**
  - 1–3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimini.
  - 4–5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
  - 6–7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo ecaphune njengoba kunjalo:**
  - 6–7 acashuniwe, awekho amamaki olimi.
  - 1–5 acashuniwe, nikeza imaki elilodwa lolimi.

- **Ukubalwa kwamagama:**
  - Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
  - Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
  - Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe (70), kumele kufundwe amagama ama-5 kuphela angaphezulu kwamiselwe bese engabe esabhekwa amagama alandelayo ohlolwayo eqe ngawo.

**QAPHELA**: Izinkomba zamaphuzu acashuniwe (C) bese kuthi ahunyushiwe (H).

## ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

## INDLELA YOKUMAKA:

- Isipelingi:
  - Impendulo eyigama elilodwa mayinikezwe iphuzu noma ngabe isipelingi sinamaphutha, ngaphandle uma lelo phutha liguqula umqondo wempendulo.
  - Uma impendulo idinga umusho ophelele, umfundi akanikwa imaki uma impendulo yakhe inamaphutha ezakhiweni zolimi okubuzwe ngalo.
  - Lapho kubuzwe khona isifinyezo, impendulo mayibe nezimpawu zokuloba ezifanelekile.
    Isib: Umnumzane – Mnu.
- Izakhiwo zemisho mazibhalwe ngokufanelekile kulandelwa uhlelo nezakhiwo zolimi futhi zibhalwe zibe imisho ephelele/ngokomyalelo onikeziwe.
- Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ewuhlamvu noma ephelele kanje:
  C/Imizuzwana engama-60 (okuwuhlamvu oluphelele)

## UMBUZO 3

3.1 Kumele uthole/uthenge ithikithi ezindlini ezidayisa amathikithi.✓ (1)

3.2 Ukusetshenziswa kwelogo emele inkampani i-Adidas odongweni nasebholeni kusetshenziselwe ukuthi abantu babone ukuthi ingenye yabaxhasi balo mqhudelwano.✓✓ (2)

3.3 D/Umdlalo kanobhutshuzwayo. ✓ (1)

3.4 Ungathola elakho ithikithi ezindlini ezidayisa amathikithi. ✓✓ (2)

3.5 Ifonti ebhalwe ngamagama amakhulu ethi, ‘uzozuza umklomelo wemoto’ isetshenziselwe ukunxenxa abantu ukuba basheshe bathenge amathikithi kanti ifonti encane isetshenziselwe ukucashisela abathengi ukuthi akuyena wonke umuntu ozothola lo mklomelo kodwa kuzoba abathengi bokuqala abahlanu kuphela.✓✓ (2)

3.6 Umbhali uphumelele kahle ukusebenzisa ulimi olukhohlisayo 'konke kuzokuhambela kahle empilweni'. Lokhu kuyakhohlisa ngoba akusho ukuthi uma uthenga ithikithi ngeke ube nezinkinga empilweni. ✓✓ (2)
**[10]**

## UMBUZO 4: UKUHUNYUSHWA KWEKHATHUNI

4.1
- Uguqile.
- Uhlanganise izandla. ✓✓ (2)

4.2 Igama elibhalwe ngosonhlamvukazi esibiyelweni lisetshenziselwe ukukhomba ukuthi uyamhlonipha/ukucela/ukuncenga lo akhuluma naye ngoba unguMashonisa futhi unemali kanti yena akanayo.✓✓ (2)

4.3 Ngicabanga ukuthi amabhrifukheyisi (briefcases) aphethwe nguMashonisa angasho ukuthi uphethe imali eningi angabuye aveze ukuthi kade ehamba eqoqa imali kubantu/ uhambisa imali kulabo bantu abayidingayo.✓✓
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa). (2)

4.4 Laze lashona ilanga singaphakelwanga kudla emshadweni sibulawa umashayandawonye. ✓✓
(Umusho awuyiveze incazelo esho indlala). (2)

4.5 Zombili lezi zibiyelo zisetshenziswe kahle ngoba isibiyelo esicijile/ esisankanyezi esikuMashonisa sikhombisa ukuthi udiniwe ufuna imali yakhe ngesankahlu futhi ngeke esaqhubeka nokuyinika enye imali le ndoda eguqile. Kanti isibiyelo esiyindilinga sikhombisa ukuthi le ndoda eguqile ikhuluma kahle noMashonisa ngoba incenga ukuthi ayinike imali.✓✓ (2)
**[10]**

## UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

5.1 Abahlabeleli /izimvumi/abahubi/abahayi.✓ (1)

5.2 Sisetshenziselwe ukwakha ukuvumelana ngokwenkathi edlule phakathi kukasobizo lo mculo kanye nesenzo 'qalwa' ukukhomba inkathi edlule. ✓ (1)

5.3 Sisetshenziselwe ukuchaza ukuthi umsindo wezibukelli eziningi uba mkhulu kakhulu ngenxa yenjabulo ezisuke sezinayo. ✓✓ (2)

5.4 Umendo awuthunyelwa gundane/Ubopha inja nogodo/Inja iyawaqeda amanzi ngolimi. ✓ (1)

5.5 B/iyachaza. ✓ (1)

5.6 Lisetshenziselwe ukusitshela ukuthi umklomelo utholwa ngobani.✓ (1)

5.7 Abafana bathe lelo bhola ngelabo. ✓
(Neminye imisho enembayo). (1)

5.8 Abaningi babuza ukuthi bangayikhohlwa kanjani ingoma yeLadysmith eyadla ubhedu ethi Homeless. ✓✓ (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**